Umhlathi Wezemidlalo

Ibhola eThekwini

(NGU SOLOMUZI.)

Mhleli besengivalelisile, kodwa aku futhi sengibhala namhla. Ilugelo ngilinikwe yibo ebese ngiba hombe ngelidlule.

NgoMgqibelo odlule besi nemidlalo emihle futhi ephambili. Emalweni wokuqala engiwubonile udlale amaOlympics namaRailways Tigers. Lomdlalo bewunelihulu iwozawoza. Isiphetho sawo ema kahle kanje:

Olympics F. C. 3 goals
Railway Tigers F. C. 1 goal

Kwabuye kwadumelana amaWanderers nama H.L.&H. Nayo lomdlalo uphambili ngempela abadlali badlala kahle kamnandi kanje:

Wanderers F. C. 2 goals
H.L &H. F. C Nil

Kwadlala futhi amaSweepers nama Winter Roses. Adlula kalula kanje amaSweepers kanje:

Sweepers F. C. 3 goals
Winter Roses F. C. Nil.

Kwadumelana futhi amaSpringboks nama Durban Conquerors, lomdlalo unzima kakhulu. Isiphetho sema kanje:

Springboks F. C. 1 goal
Durban Conquerors F. C. Nil

Ngapha ngas' Ohlange asizwa kutho kakhulu ngama Dube ka Dube amthende. Esengathithi izinsizwa zika Mashu ama Good Hopes ezihamba omfo ka Mhlongo uBota wodumo lweNatal no Douglas Ntuli iGoal Keeper yeNatal muva kanje ebekade bedlalela ama Taylor Street Home Stars ngonyak'odlule yiwona angcuba ngconywana ngas'Ohlange.

Enkundleni yas' Ohlange ngelidlule besibukela amaGood Hopes akwa Mashu nama Condors ase Maoti. Adlula ngehubo amaGood Hopes kanje:

Good Hopes F. C 3 goals
Condors F. C. Nil.

Umuntu ongaphilile nolele phansi ocansini olubuhlungu lwakwa Sibhedlela McCord ngu Mnu. A. A. Khumalo, isandla sase Bantu Social Centre. UMnu. Khumalo ungomunye wabatanda uNobhutshuzwayo.

Ngenxa yenkuthalo, nangokusebenzela isizwe esinsundu, ka Mfu. A. S. Mthimkhulu wama Weseli eThekwini, ngoMgqibelo odlule bekungomkhulu umbuthano kufike iNkos'enkulu yama Hlelo ase Weseli izobeka isisekelo sendlu entsha eduze kwendlu yesonto ebizwa ngokuthiwa iMethodist African Institute. Okusobala ukuthi ne Fort Hare alisoze lenza lutho manje. U Mfundisi Mthimkhulu ilungu lethu lebhola.

Intertown Cup Final

Durban District XI faces Maritzburg XI on Saturday 26th June, 1937, in Durban.

The following players will represent Durban in the Natal Cup :- Nyanda Ben [Dunlops], Moitsi Sam [Union Jacks], Lepile Tiny [Union Jacks], Lande Peter [Union Jacks], Sibisi J. [Wanderers], Njapha Theo. [Rainbows], Mkhunya I. [Pirates], Lekhetle D. [Assegais], Mhlongo R. [Good Hopes], Mkhize S. [Wild Zebras] Ntuli D. [Good Hopes], Msomi L. [Assegais], Zama O. [Olympics], Dlamini A. [Lions].

D. & D. A. F. A.

FIXTURE LIST FOR SATURDAY 19TH JUNE

Assegais vs. Wanderers No. 3 3. 45

British Steels vs. Springboks 2. 15

No. 2

Natal Winter Roses vs. Natal All Blacks 2. 15

Clean Sweepers vs. Chelseas 3. 45

No. 3

Mt. Blues vs. Units 2. 15

Union Jacks vs. Moonlights 3. 45

No. 4

Railway B. Waters vs. Forsdicks 2. 15

Durban Conquerors vs. Lion Flames 3. 45

No. 5

S. A. P. vs. Dunlops 2 15

B. B. Tigers vs. Olympics 3. 45 [C. Division]

ADAMS

Shooting Stars vs. Young Tigers 3 p. m.

UMBOGINTWINI

Explosives vs. White Rocks 3 p. m.

OHLANGE

Youn Natalians vs. Great Powers 3 p. m.

Isikole seSonto.

JULY 4, 1937.

UNKULUNKULU ELALELA UKUKHALA KWABANTU.

Eks. 1: 6 - 14, 2: 23 - 25.

ISITHATHELO. "Kothi be ngakangi bizi ngi sabele, besa khuluma, ngizwe." Izaya 65: 24.

INJONGO. Ukubouisa ukuthi uNkulunkulu uyakwazi ukuhlupheka kwabantu bakhe, kuthi ngesikhathi esi fanele aku qede. Akaba khohlwa.

ISISHAYELELO. Ake ni bheke isimo sabaIsrael ngalenkathi. uJosefa ese Gibidi.....uJakobe namadodana akhe ayishumi nayinye nayo yonk'impahla yabo basuka eKanana baya eGibidi bakha ezweni laseGoshen—umndeni lo wanda.....wenziwa izigqili zabaseGibidi.....uJosefa naso sonke lesisizukulwana safa.....kwavel'iNkosi entsha engam'aziyo uJosefa.

UKWOTHULWA KWESIFUNDO.

UKWANDA NGOBUNINGI KWABAISRAEL. Bab'akhe eGoshen, enhla nezwe laseGibidi lapho babe ngagaxeki kwabaseGibidi ngoqobo, nokho uFaro nesizukulwane sakhe baqala ukwenqena lomndeni wab'ezizwe owabe us'umkhulu kakhulu. Wathi kubantu bakhe kuhle baqaphe funa uma kuvela impi bazihlanganise nezitha banqobe abaseGibidi. Lolu kwabe kul'uvalo lobulima kwezise abaIsrael babe amabeka, bengaze banga naka ngempi futhi benga hlangene nezizwe ezingalapho bekhona,

ULUNYA LUKA FARO. Ukuze aba then'amandla nFaro waphoqelela amaHeberu ukusebenza nzima kakhulu. Waba bekela ababonisi kwababumba isitini abe melwa ngeziswebhu benga nikwa okwanele kokwenza isitini. Ebona ukuthi kabafi ngamandla uFaro wa yalela ukuba ba setshenziswe kanzima kunakuqala, kepha noma seku njalo badlula b'anda; base benikwa umsebenzi ongukuthutha amanzi enkasa, bemba imisele, be lima izilimo benza nodaka lwesitini belu thatha emfuleni, Kwabuya kwamenyezelwa ukuthi maku bulawe zonk'izingane ezizalwayo zabafana, kepha lokhu bakwal'ukukwenza. Ebona ukuthi kaba vumi ukwenza aku shoyo, uFaro wa nik'amandla abantu bakhe ukuba baphonse emfuleni iNile zonke izingane ezi zalwayo zabafana, kodwa kulokhu akalalelwanga.

UMOZISI. Kuleminyaka engama 80 emuva kwalomzamo wokubandeza abaIsrael kwazalwa uMozisi, wa phathwa ngunina, wafundiswa endlini yeNkosi; waba zwela abantu bakubo aba sindeziweyo, walinga ukuphindisa ngempatho yabo embi, kodwa ngenxa yokuba ahamba ngendlela enga fane'e yokubasiza wazisindisa ekufeni ngokweqa waya ehlane lapho kwathi elusa izimvu zika Jethro wafunda konke ngalelizwe ayo buye ahole kulo abantu bakubo eba khipha eGibidi ebayisa ezweni laseKanana ela thenjiswa inzalo ka Abraham.

UKUKHUMBULA KUKA NKULUNKULU ABANTU BAKHE. Emuva kokufa kuka Faro, ngenxa yobugqili babo, abaIzrael ba BUBULA; BA KHALA kuNkulunkulu wakuzwa ukububula kwabo. Wa KHUMBULA ISIVUMELWANO SAKHE no Abraham, no Isaka no Jakobe. Waba BHEKA abantu bakhe; waba khumbnla...okungukuthi wayi ngena indaba yabo wabuka phakathi ezinhliziyweni zabo. Phenyani ku Eksodus 2: 23 25 emaBhaibhelini enu, ni PHAWULE lamazwi ahlukile.

ISITHINTAPHI LENDABA ? Kuya phawuleka ukuthi njengokuhlushwa kakhulu kwabantu bakaNkulunkulu kuba yilapho bekhulayo. Kalize linga chuma iVangeli lidlule lapho li xotshiswe khona. uFaro lo onolaka wabe enendodakazi enesihau; ngalokhu siya bona ukuthi umuntu ange buke inhliziyo yomntwana ngabazali bakhe.

Omuny'uMnumzane wake wabuzwa ukuba yimaphi amazwi aseBiblini amduduza adlule amanye. Wathi yilana athi, "Ngiyakuku siza." Lamazwi abe eludondolo lokuhamba kwami ezweni. Nxa ngihlalelwe ngumsebenzi onzima, nomthwalo osindayo wokuba ngiwu thwale, nesilingo sokuba ngisi thiye, bengiye, ng'encike kuloludondolo ngaso sonke isikhathi ngi sizakale ngi hlunyelelw'amandla yilo. Kalukaze lwaphuke futhi kalu kaze lugobe phansi kwami nxa ng'encike kulo."

Kukhona izinto ezintathu esizidingela uMsizi wethu: 1. Ukuthiya izilingo: Wonk'umuntu unezilingo ezi ngenakunqotshwa ngaphandle ko'sizo luka Nkulunkulu. 2. Ukuthwala imithwalo yethu: ikhona eminy'imithwalo esinda kakhulu ukuba singakumela ngaphandle kosizo lukaNkulunkulu ukuyithwala. 3. Ukwenza umsebenzi wethu. Kuyint'enganakwenzeka neze ukuba siz'enze ukuba sikufeze okusi meleyo ngezikhathi zonke. Masi cele uNkulunkulu asi size ukukwenza.

C. E. FROST.

If you have ANYTHING to SELL, or you want to BUY, then PUT IT IN ILANGA 2s. 6d. Per Notice.

UBUTHI EGAZINI

BUBANGWA NGUKUSEBENZ KWEZINSI OKUBUTHAKA.

Ukukhwelwa yiqolo, izinhlungu zekhunkulo nobuthaka besinye kubanga uhlupho olunamandla, ikakhuu ngakusihlwa. Phoke uma umchamo usu hangula, nezinhlungu phezu komgoxi womhlonzo, noma iziwombe zenzululwane, nesifo sezinso si bulala kokobili ukuzala nokuphatheka kahle.

Ukulibala kuqhubekisela phambili indaba...kube ngangoba izinso zahluleka ukucwenga kahle igazi ungeke wathemba ukuthi unga sinda. Vuselela izinso zakho ukuba zi sebenze ngamanye amandla ngezinhlamvana zeqolo nezinso zakwaDoan.

Lomuthi wamandla wezinso sewa sebenza enkulu impumelelo kuwo wonk'umhlaba. "Zinhlamvana zakwaDoan lezo, zonke izifo zami zeinso sezi phelile nya." "Kwangangabe ngazidla kusa suka."

Ngi yazi ukuthi konke lokh'ukuguliswa kwami yikhunkulo kwabe kunga swelekile," la ngamazwi okubonga azwakala kakhulu ngempume lelo yezinhlamvana zakwaDoan ekuqedeni izifo zomchamo, nokukhwelwa yiqolo, nekhunkulo, nedonda noma hlonzo, nokuconsa igazi okusuka ezinsweni, nohlalwane.

Phikelela Doan 1s 6d, 3s 3d., 6s.

2

INDALI.

Amajoka abazwa ngomuthi weStinkwood odlula yonke anezinkintsho ezingombhanqwa 4s. 6d. lilinye; konke ngo 4s. 6d. uma kufika imali kuqala.

Kwa KIRKEL,
EMgungudlovu. —June 26.



YOU cannot see a snake in the dark, so you tread on it and it bites you. If you can *see* the snake, you hit it with a stick and the snake dies—not you.

The man in the picture would have been bitten if his friend had not come along with an Eveready Torch. His friend saw the snake and killed it. The man is very thankful that his friend brought light with him. To-morrow that man will go to the store and buy an Eveready Torch like his friend's.

An Eveready Torch is the strongest and best electric torch. It makes a big, bright light whenever you need it. Ask for EVEREADY at the store and see the name written on the torch.

EVEREADY

Trade Mark registered in the Union of South Africa

ELECTRIC TORCHES

Factory Representative:

J. W. TODD, P.O. Box 401, Port Elizabeth.

UNGENZE wayi bona inyoka esinyameni, njalo uye uyi nyathele ib'isiku luma. Inxa unokuyi *bona* inyoka, uyi sheya ngenduku ife—kungafi wena.

Lomlisa osesifanekisweni ube yakulunywa uma umngane wakhe lo ka qhamukanga eneEveready Torch. Umngane wakhe uyibonile inyoka wayi bulala, Lomfo useya bona kakhulu ukuba umngane wakhe efike nokukhanya. Ngomuso lowo mlisa uyokuya esitolo aye 'kuthenga iEveready Torch elinjengalo mgane wakhe.

I Eveready Torch le liyi thosh elinamandla eliwadlula onke lika gesi. L'enza ukukhanya okukhulu okuthe nge nanini uma ukudinga. Biza iEveready esitolo ubheke ukuba igama lalo li lotshiwe kulo.

Always use Eveready Batteries in your Eveready Torch. They last longest.

Sonke' isikhathi sebenzisa amaziko (Battery) e Everead ethoshini yakho ye Eveready. Yiwona ahlala isikhathi edlula onke.